St Alphonse Parish Newsletter

Volume 3, Issue 11 **SEPTEMBER 2010**

Donation : R2.00 **www.stalphonse.org.za**

UPHAPHA UHAMBELE INGILANDE OKOKUQALA NJENGOPHAPHA

Isithombe : BBC . **UPhapha Benedict XVI enza iMisa eScotland ebelihanjelwe ngabantu ababevile ku 65 000**

Thulani Jili

Uhambo luka Phapha uBenedict XVI ezweni lase Ngilandi noluphele ngesonto langomhlaka 19 Sept 2010 ngenkonzo yokucwetshiswa kuka Cardinal Henry Newman lube yimpumelelo enkulu.
Umbiko ngezithombe ekhasini lesithathu.

Okungaphakathi

1. *Izifundo zango September – page 2*
2. *IMisa eliyiNgcwele– page 2*
3. *Mhla uPhapha ehambele eNgilandi – page 3*
4. *Ukwabelana ngencwadi eyingcwele – page 4*

IZIFUNDO ZANGO SEPT/OCT 2010 YEAR C

19 Sept. 2010 (Isonto le-25 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Amos 8: 4-7

Ingqikithi: *"INkosi iyajezisa abacindezela abampofu, babathenga ngemali babe yizigqila zabo. "*

Isihlabelelo : *"Bongani iNkosi evusa ompofu othulini."*

Isifundo sesibili : 1 Thim. 2 : 1 - 8

Ingqikithi: *"Mabanxuselwe bonke abantu kuNkulunkulu othanda ukuba bonke basindiswe."*

IVANGELI : Lk. 16 : 1 - 13

26 Sept. 2010 (Isonto lesi 26 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Amos 6 : 1ª, 4 - 7

Ingqikithi: *"Ababusayo nabazitikayo bayothunjwa."*

Isihlabelelo : *"Mphefumulo wami, yidumise inkosi"*

Isifundo sesibili : 1 Thim. 6 : 11 - 16

Ingqikithi: *"Gcina umyalo kuze kube sekufikeni kweNkosi"*

IVANGELI : Lk. 16 : 19 - 31

3 Oct. 2010 (Isonto lesi 27 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Habakuk 1 : 2 – 3; 2 : 2 - 4

Ingqikithi: *"Olungileyo uyakuphila ngokuthembeka kwakhe okholweni."*

Isihlabelelo : *"Namhla uma nizwa izwi leNkosi ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu."*

Isifundo sesibili : 2 Thim. 1 : 6 – 8, 13 - 14

Ingqikithi: *"Ungajabhi ukufakaza ngayo iNkosi yethu."*

IVANGELI : Lk. 17 : 5 - 10

10 Oct. 2010 (Isonto lesi 28 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : 2 Amakhosi 5 : 14 - 17

Ingqikithi: *"Unamana wabuyela kumuntu kaNkulunkulu, wavuma wabonga uNkulunkulu wakwaIsrael."*

Isihlabelelo : *"Inkosi ivezile usindiso lwayo phambi kwezizwe zonke."*

Isifundo sesibili : 2 Thim. 2 : 8 - 13

Ingqikithi: *"Uma sinyamazela, siyakubusa kanye noKristo."*

IVANGELI : Lk. 17 : 11 - 19

IMISA ELIYINGCWELE

Khanyo Mtambo

Kungani amaKhatholika ekholwa ukuthi umzimba kaKristo uhlatshelwa njalo ngamamisa, kube kubhaliwe ebhayibhelini ukuthi wahlatshelwa kanye eKhavari?

Abantu abaningi abangasiwo amaKhatholika abakuqondi lokhu, kepha uKristo wenza imisa lokuqala esidlweni sokugcina (*last supper*). Esidlweni sokugcina wanikela ngomzimba wakhe ngesimo sesinkwa newayini, ngaphambi komhlatshelo wasesiphambanweni ngosuku olulandelayo, ulwesihlanu olumnyama. Emiseni ngaphandle komhlatshelo wasesiphambanweni uKristo usanikela ngomzimba wakhe kubaba ngezandla zabaPhriste. Ngenkathi besesidlweni sokugcina uJesu wathabatha isinkwa ngezandla zakhe wasibusisa wasihlephula wasinika abafundi bakhe wathi: "Thabathani nidle lokhu kungumzimba wami" .Wayesethabatha isitsha wabonga wabanika wathi "phuzani nonke kuso ngokuba lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthuthelelwa kwezono".*(Matth.26:26-28*). UKristo wathi kubafundi mabaqhubeke bakwenze lokhu ukuba bamukhumbule. (*Luke 22:19*).

Ibandla lethu ligcina umyalelo owashiwo uKristo esidlweni sokugcina, ngamanye amazwi wonke amamisa ayisikhumbuziso somhlatshelo kaKristo eKhalvari. Imisa kanye nomhlatshelo wasesiphambanweni kuyinto eyodwa .

(iqhubeka ekhasini lesine)

MHLA UPHAPHA U BENEDICT XVI EVAKSHELE IZWE LASE NGILANDI

Izihlwele ebezigcwele imigwaqo zijabulela ukubona uPhapha

UPhapha ebonana neNdlovukazi yaseNgilandi no Prince Phillip

UPhapha ubonana nombhishobhi omkhulu wama Anglicans

Umfanekiso ka Cardinal Henry Newman owayecwetshiswa nguPhapha eBirmingham

UPhapha enza umkhuleko eHyde Park

UPhapha ebonana noNdunankulu waseNgilandi uMnu David Cameron

AMATHUBA EMISEBENZI
Labo abafisa ukuthola imisebenzi bangangena kwi email elandelayo
USERNAME: emaromeni@gmail.com
Password : 80465amen

IMISA ELIYINGCWELE

(isuka ekhasini lesibili)

Kuyiqiniso ukuthi uKristo wazinikela kanye eKhavari (*Heb.10:10*) njengoba ibhayibheli lisho. Kanjalo njengebandla lamaKhatholika sikholelwa kuleyomfundiso yokuthi uKristo wazinikela kanye. Kepha umphostoli uPhawulusi owabhala lombhalo encwadini yamaHebheru ukhombisa ubufakazi bokuthi umhlatshelo owenziwa uKristo esidlweni sokugcina uqhutshezwe. Yingakho-ke amaKhatholika eligcina njalo ngamasonto imisa yingoba kusuka embhalweni ongcwele.

UMphostoli uPhawulusi uyasitshela kwabaseKhorinte bokuqala ukuthi uJesu wathi "Lokhu kwenzeni ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo ukuba ningikhumbule. Ngokuba njalo uma nidla lesisinkwa niphuza lesisitsha nimemezele ukufa kwenkosi ize ifike". (*1Corinthians 11:23-26*) Ngakho ke amamiseni amakholwa athola ithuba lokudumisa uNkulunkulu ngalesimangaliso somhlatshelo nokuthola ubungcwele okwavela eKhavari . Lo musa ongapheliyo, amakholwa kumele akhule kulomusa kuze kube sekufeni.

Umhlatshelo ongcwele wemisa ugcwalisa isiphrofethi seThestamente elidala: "Ngokuba ekuphumeni kwelanga kuze kube-sekushoneni kwalo igama lami likhulu phakathi kwezizwe; ezindaweni zonke igama lami lisheselwa impepho kanye neminikelo ehlambulukileyo, ngokuba igama lami likhulu phakathi kwezizwe, usho uJehova-Sebawoti". (*Mal.1:11)*.

UKWABELANA NGENCWADI EYINGCWELE (BIBLE SHARING)

Intsha YoThando lukaKristo

Intsha yothando (umhlanganowentshayothando) LukaKristo iyahlangana njalo ngemigqibelo ethize enyangeni izokwabelana ngezwi (Bible Sharing).

Ekuhlanganeni kwayo ayigcini nje kuphela ngokwabelana ngezwi kodwa iphinde ikhuthazane ekutheni umuntu omusha oyiKhatholika kumele aziphathe kanjani baphinde/iphinde ifundise kumbe ixoxe ngezimiso zebandla lethu eliKhatholika ekubalulekile ukuthi sizilandele kumbe sihambe, siphinde siphile ngaphansi kwazo, nokuthi yini zibalulekile.

Intsha yothando lukaKristo iyamemake bonke abantu abasha bebandla/abasebandleni ukuba bahlangane kanye nayo kuleBible Sharing.

Ukuze uthole imininingwane egcwele ungathintana nabaphathi bentsha khona lapha esontweni noma uma unesifiso sokuzibandakanya kanye nabo labantu abasha ungaxhumana nabaphathi bayo ukuze uthole ulwazi olugcwele

---

UMA UNODABA OFISA UKUBA LUSHICILELWE KULE NCWADI-NDABA BONANA NO SOLWAZI OTTY NXUMALO NOMA UMNU THULANI JILI NOMA UTHUMELE INDABA YAKHO KU
Thulani.Jili@stalphonse.org.za
zwideo@armstrong.co.za